NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
MAY 2022

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardization meeting to ensure that the guidelines are consistently scripts. interpreted and applied in the marking of candidates'

The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.

IEB Copyright © 2022

ISIQEPHU A *IQONDE KUPHI LE NDLELA* – SIKHUMBUZO XABA

UMBUZO 1

1.1

(a)	UKK	(v)	Isigebengu esingumholi wezigebengu.
(b)	UZondi	(i)	Iphoyisa laseMpangeni.
(c)	USpider	(vi)	Isigebengu esasisiza ngokugaya imali yomgunyathi.
(d)	ULumumba	(iii)	Isigebengu esasiza ukubulala uThemba.

(2)

1.2 Isibhamu/isikhali samagwala. (1)

1.3 Wayeyovakashela intombi yakhe ngenhloso yokuthola ukuthi akekho yini omunye wesilisa othandana nayo. Uma ekhona wayezimisele ngisho nokumbulala. (pg 182) (2)

1.4 Cha, ngoba uMzwakhe wayeyisigebengu entshontsha izimoto, eshushumbisa izidakamizwa kanye nokunye. Wayengumbulali ngoba wathumela uLumumba ukuthi abulale uThemba, enesikhwele ngoZama. Wayeseyingozi ngoba wayesefuna nokubulala isoka azolifica lithandana noZama.

Yebo, ngenxa yokuthi ubaba wakhe wayengasabondli, esephuza utshwala, engasasebenzi. UMzwakhe njengenkosana/ubhuti omdala wabona kufanele enze imizamo ukuze benodadewabo baqhubeke bafunde. Ukube wayeqhamuka ekhaya elifudumele, ehlinzekelwa ngazo zonke izidingo zengane, mhlawumbe ngabe akakhethanga ukuba yisigebengu. (2)

1.5

- **Iyiphi le ndlela futhi ubani umlingiswa oqavile owayehamba le ndlela?**
  – Ubugebengu obabenziwa nguMzwakhe. (1)

- **Uma ucabanga yiziphi izizathu ezazidala lo mlingiswa ahambe le ndlela?**
  – Ukuhlupheka, ukuswela emndenini, ukushonelwa ngumama nokuphelelwa ngumsebenzi kukababa wakhe, owayesezinikele otshwaleni.
  – Omunye umfundi angasho ukuthi ukuthanda izinto ezinhle neziphambili, ngoba wayejatshuliswa ukuhamba ngezimoto eziphambili nokuthunywa ezindaweni ezihlukile nezisemazweni anjengaseBotswana, Lesotho naseSwazini.
  – Ukuthanda imali ayeyisebenzisa ukuthengela uZama izinto ezinhle, njll. (2)

- **Le ndlela abeyihamba yaphetha/yaphela kanjani?**
  – UMzwakhe waboshwa esesendleleni eya efulethini le ntombi yakhe. Indlela abeyihamba yaphelela ejele, wagwetshwa iminyaka engamashumi amathathu nanhlanu (pg 189). (1)

- **Yini wena oyitholile ngokuhamba lolu hlobo lwendlela?**
  – Ukuthi ubugebengu abukhokheli ekugcineni. UMzwakhe esaqala kwakumnandi futhi ebukeka enemali kunezinye izingane zesikole, entombini yakhe kanye nakudadewabo. Konke lokhu kwagcina ngokuthi aboshwe futhi udadewabo kanye nentombi yakhe babengasamfuni, basebemusaba. (2)

Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

UMBUZO 2

- **Chaza kabanzi ngoKK nobugebengu abenzayo.**
  – UKK isigebengu esingumholi wezigebengu. Wenza zonke izinhlobo zobugebengu, inqobo nje uma kutholakala imali.
  – Ukushushumbisa izidakamizwa, ukuduna izimoto azihambise emazweni angaphandle anjengaseMozambique, ukwakha imali yomgunyathi ayisebenzise ezindaweni, kanye nokudayisa amadayimane. (pg 154) (3)

- **Bhala izizathu zokungabanjwa kukaKK kalula.**
  – UKK ukhokhela amaphoyisa ayizigebengu ukuze abe yizimpimpi futhi alekelele ekucisheni ubufakazi nokulahla amadokodo. UMaziya wasiza ekucisheni ubufakazi bokushisa izimoto eSwazini, waphinde waxwayisa ngewashi elasala, okwakusolakala ukuthi ngelikaMzwakhe. Wayephinde asizane noKK ekudluliseni izimoto ezebiwe emngceleni ziyodayiswa eSwazini.
  – Ngakho-ke uKK ubehleze enolwazi ngokuzokwenzeka ngaphambi kokuthi kwenzeke. Lokhu bekumnikeza ithuba lokuthi abaleke ayobhaca, adukise umkhondo, aphinde acishe nobufakazi kalula.
  – Yingakho-ke amaphoyisa abesebenza ngokuzikhandla, naqotho afana noZondi abekuthola kunzima ukubopha lo mgulukudu. (2)

- **Umthelela wokungaboshwa kwezigebengu ezifana noKK.**
  – Ukuthi abantu abasha abafana noMzwakhe kanye nabanye bagcina becabanga ukuthi iyona ndlela engcono futhi esheshayo yokuphumelela, ikakhulukazi entsheni ehlulwe yisikole.
  – Lokhu kungalimaza ikusasa lezingane eziningi kuphinde kuzifake engcupheni. Iningi lezingane lingagcina selithatha izidakamizwa futhi libulalane.
  – Lezi zenzo zingaphazamisa izimpilo zemindeni yabo, nomphakathi ogcina ungaphephile, ugcine uphila ngokwesaba. (2)

- **Bhala ngesiphetho salo mdlalo ubhekise ikakhulukazi kuKK.**
  – Ekugcineni uKK ongungqondongqondo wezigebengu kanye nezinye izigebengu abesebenzisana nazo baboshwa. Ijaji lamgweba iminyaka eyikhulu ebhadle ejele, engenashwele. UMzwakhe wagwetshwa iminyaka engamashumi amathathu nanhlanu. (3)

- **Okuthandile ngalesi siphetho.**
  – Engikuthandile ukuthi ekugcineni amazwi angenhla ayeshiwo nguKK, awabanga liqiniso. Kwagcina ingalo yomthetho. UKK waphelela ezikhindini, kwacaca ukuthi akukho qili elazikhotha emhlane. Kwagcina oZondi kanye namanye amaphoyisa. (3)

Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

UMBUZO 3

Ingxoxo phakathi kukaZama noThandi emva kokuboshwa kukaMzwakhe. Bakhuluma ngakho konke okwenzekile: ubudlelwano babo noMzwakhe, izenzo zikaMzwakhe zobugebengu, kanye nekusasa labo.

Kuzoya ngempendulo yomfundi.
Empendulweni yomfundi makucace ukuthi laba bobabili uZama noThandi bazizwa kanjani ngokwenzekile, izenzo zikaMzwakhe zobugebengu kanye nekusasa labo.

UZama
Enkulumweni kaZama akuvele ukuthi uthukuthele ubhodla umlilo ngenxa yokuthola kuThandi ukuthi uMzwakhe wayezimisele ngisho ukubulala umuntu athandana naye uma emtholile efulethini (pg182). Akaveze nokuthi wayesola ukuthi yena benoKK benza ubugebengu kodwa wayengazi ukuthi uMzwakhe ukhohlakele ngale ndlela futhi ungumbulali.

Angasho nokuthi akayithandanga indaba yokuthi amphoqelele ukuthandana noThemba, okwakumqhatha nonina, kumakhele igama elimbi emphakathini kanti enjalo-nje unesikhwele esimenze waphetha ngokuthumela abantu ukuthi babulale uThemba.

Angaphinde aveze ukuthi ngesikhathi uMzwakhe esebenza eKapa wagcina esezwana noNomonde owayemdala kunaye, leso senzo samakhela isilonda ngoba watshengisa ukungathembeki (pg110).

Angaveza nanokuthi uzwile enkantolo ukuthi ngesikhathi wayethi uyamkhipha baya eBotswana kanti wayethunywe nguKK ukuyolanda izidakamizwa kanye namadayimane omgunyathi. Lesi senzo sasingafaka impilo yakhe engozini.

Angaphinde aveze nanokuthi nakuba ubaba wabo wayengasabondli, esezidlela amponjwana kodwa uwuphoxile umndeni wakhe uMzwakhe ngobugebengu ikakhulukazi uThandi udadewabo omncane, obebukela kuye njengesibonelo esihle sikabhuti omdala.

UZama angaphinde atshele uThandi ukuthi sekuphelile phakathi kwakhe nomfowabo. Yena ngeke amlinde aze aphume ejele futhi usethandana nomunye umlisa ogama lakhe linguRomeo.

Kukho konke lokhu uZama angaphinde abonge uThandi ngokubikela amaphoyisa, athembise uThandi ukuthi uzomeseka futhi uzohlale engu-anti wengane. Bangavakashelana noma yinini. **Nokunye okunembayo**.

UThandi
Angakhombisa ukuzisola ngokubophisa umfowabo. Aveze ubunzima abhekene nabo empilweni njengoba engasekho ubhuti wakhe. Njengokuthi ekhaya usehlupheka kakhulu, ubaba wakhe akamondli, uyaqhubeka nokuzidlela amponjwana.

Angaveza nokuthi uyasaba ukuyovela, avakashele umfowabo ejele. Usaba ukuthi mhlawumbe uyamzonda ngenxa yesenzo sakhe. Angasho nokuthi ubengazi ukuthi umfowabo uyingozi kangaka, futhi ubesebenzela uKK ukwenza ubugebengu.

Angaveza indlela azizwa ngayo ngoZama, njengokuthi uyamthanda futhi ubukela kuye ikakhulukazi indlela agqoka kahle ngayo. Yiyo le ndlela eyamenza ukuthi athathe isinqumo sokuthi ngempela ufisa ukwenza izifundo zengqephu uma eqeda isikole. Angaphinde aveze ukungabaza nokushabalala kwalelo phupho ngenxa yokuthi akazubanayo imali yokukhokha ekolishi lelo.

IEB Copyright © 2022

Angaveza ukuthi wayebathanda, futhi babefanelana. Wayeze acabange ukuthi bazoshada uma sebekhulile. Asho nokusho ukuthi uZama wayengaconsi phansi olimini lukabhuti wakhe. Konke ayekusho nabekwenza wayecabangela uZama nengane yakhe. Angaveza nokuthi wayeze amxoxele ngezinto azomenzela zona njengokumkhipha baye eThekwini, ePavilion, amthengele izingubo zikanakusho, amhambise ezindaweni eziphambili, nasemazweni anjengaseBotswana. Zonke lezi zinto wayezenziswa wuthando futhi wayengafuni ukuthi amshiye ngoba engakwazi ukumnakekela njengentombi yakhe.

Aphinde acele uZama ukuthi okungenani abaqhubeke nokuzwana amsize uma engakwazi ukuze akwazi ukufeza izifiso zakhe zokuyofundela izifundo zokwenza ingqephu.

Okokugcina uThandi angafisela uZama inhlanhla ngothando lwabo benoRomeo. **Nokunye okunembayo.**

Amamaki:

Ingqikithi (okusendabeni = 7 / okwakho = 3)	(10)
Isakhiwo (isingeniso sengxoxo (½), ukweqa imigqa (½), imizwa (½), block format (½))	(2)
Ulimi nohlelo: izivumelwano (½), isipelingi (½), ulimi olunothile (1)	(2)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[15]

UMBUZO 4

Isingeniso

Kuzoya ngombono womfundi

Omunye umfundi angavumelana nesitatimende sokuthi izinqumo esizithatha sisebasha zingaba nomphumela omubi ezimpilweni zethu. Angaveza ukuthi lokhu kudalwa ukuthi sisuke singakhulile ngokwanele, futhi singenasipiliyoni esanele ngokwempilo. Ngakho-ke senza amaphutha, njengothando lukaMzwakhe noZama.

Omunye umfundi angathi kuya ngokukhula kwenqondo yalowo mfundi nanokuthi ufunani ngempela empilweni. Ngoba nakhu uMzwakhe noZama benza amaphutha othandweni lwabo, akusho ukuthi bonke abafundi abathandana besebancane, uthando lwabo aluphumeleli. (2)

Ingqikithi

- **Chaza laba balingiswa**
  - **uMzwakhe** umfana owayefunda isikole. Wayethandana noZama. Wayesebenzela uKK, benza ubugebengu. Wayondla umndeni wakubo, elekelela uZama esikoleni.
  - Wayeyisigebengu esinesibindi. UKK wayethanda ukumthuma ekwenzeni ubugebengu obubucayi ngoba wayehlakaniphile. Wayemethemba ngoba wayemnika izimoto zakhe.
  - Wayehlakaniphile ngisho ezifundweni zakhe zesikole ngoba waphumelela kahle kakhulu. Wayehlakaniphile ngoba wakwazi ukufihlela intombi yakhe kanye nomndeni wakhe ngobugebengu bakhe.

– Wayeshesha ukuyengeka, ebuthaka ngoba wagcina eselala noNomonde.
– Wayenesikhwele ngoba wasebenzisa uLumumba ukubulala uThemba futhi wayesefunga nokuthi uzobulala umuntu ozothandana noZama.

– **UZama** wayeyintombi kaMzwakhe, esafunda. Wakhulelwa esafunda isikole, waxoshwa kubo wayohlala nogogo.
– Wayenesibindi ngoba wayethandana nabafana ababili uMzwakhe noThemba. Noma wayekwenziswa ukuqhuba isicelo sikaMzwakhe ukuze uThemba ezokholwa ukuthi uZama akanandaba noMzwakhe futhi umuthi wesidliso sikababa wakhe uyasebenza.
– Waphinde wabonisa isibindi ngokuthi aqome uRomeo engakahlukani noMzwakhe ngoba esebona impilo engcono.
– Omunye umfundi angathi unguthathekile futhi uthanda izinto ezinhle neziphambili. Ngenkathi uMzwakhe emkhipha, emthengela izinto ezinhle wayengenankinga ngothando lwabo.
– Wayeyilwela into ayifunayo nayithandayo. Wakwazi ukushaya uNomonde ngenkathi efike kwagogo wakhe ezofuna uMzwakhe, nakuba uNomonde wayemdala. (4)

- **Veza okufanayo nokuhlukile phakathi kwabo.**

– **Okufanayo** ukuthi bobabili **bangabantu abasha, abangabafundi.** Yingakho kuzozonke izenzo zabo, kusukela ekudlaleni ngoThemba kuze kufike ekukhulelweni kukaZama, wayengekho owayekhuza omunye. Esikhathini esiningi babehlangana esikoleni noma emva kokuphuma kwesikole.
– Bobabili **bahlakaniphile**. UMzwakhe wakwazi ukuqhuba ubugebengu nokufunda aze aqede isikole engaphazamisekanga. Wakwazi nokufihlela uZama nomndeni wakhe, waze waphumelela kahle. Nakuba uZama wayekhulelwe, waphinde wathola ingane, wakwazi ukuqeda isikole, waya enyuvesi.
– Bobabili **banesibindi**. UMzwakhe wayenza ubugebengu obusezingeni eliphezulu, waphinde wabulala uThemba, eqhubeka nempilo sengathi akwenzekanga lutho. UZama naye waqhubeka nokukhulisa ingane kanye nokufunda enyuvesi akazange aphazanyiswe ukuzalwa kwengane.

– **Okuhlukile** ukuthi uMzwakhe **yisigebengu** futhi akazimisele nokuqhubeka nesikole aye enyuvesi. Kanti uZama **akazwani nobugebengu** futhi uzimisele ngokufunda enyuvesi ukuze athole iziqu.
– Okunye ukuthi uMzwakhe wayengenabo abangane abangontanga angabonisana nabo noma abazali ikakhulukazi unina. UZama wayenomngane enyuvesi abonisana naye kanye nonina owayemeseka empilweni yakhe, emva kokumxolela.
– **UMzwakhe ngumfana/ngumuntu wesilisa** yingakho kwakulula ukungena ebugebengwini bokutshontsha izimoto, nokushushumbisa izidakamizwa. Iningi lamantombazane liyesaba ukwenza loluhlobo lobugebengu. Lincamela ukudayisa ngomzimba, okuyinto elula nakuba ingathandeki.
– **UZama yintombazane/owesifazane** yingakho wakhulelwa wabeletha ingane kaMzwakhe. (4)

- **Izinqumo ezathathwa uZama kanye nemiphumela yazo.**

– UZama wathatha isinqumo sokuqala sokuthi athandane noMzwakhe esafunda isikole.

– Waphinde wavuma ukuqoma uThemba ngoba ethi ujabulisa uMzwakhe. UMzwakhe wayefuna uThemba acabange ukuthi umuthi kayise uyasebenza. Lesi sinqumo saba nomphumela omubi. UMzwakhe wagcina esenesikhwele, wathumela uLumumba ukuthi abulale uThemba.
– Okunye isinqumo sokuthandana noMzwakhe esafunda saba nomphumela wokuthi azithole esekhulelwa, okwamqhatha nonina wamxosha wayohlala kwagogo.
– UZama waphinde wathatha isinqumo sokuqoma uRomeo engakahlukani noMzwakhe ngoba esaba ukulahla uMzwakhe. Lesi sinqumo naso sacishe sabanomphumela omubi ngoba uMzwakhe wayesesola futhi efunga nokuthi uzokwenza esifanayo noThemba uma eke wamthola lowo mlisa.
– Ngakho-ke izinqumo zakhe zifake izimpilo zabanye engcupheni sahamba nomphefumulo kaThemba. (4)

- **Izinqumo ezathathwa uMzwakhe nemiphumela yazo.**

– Esokuqala ukuthi abeyisigebengu esafunda ngisho isikole. Yebo, ubugebengu babumenzela imali, bumupha nempilo engcono kodwa ekugcineni waphelela ezikhindini, wagwetshwa iminyaka engamashumi amathathu nanhlanu.
– Isinqumo sokulekelela uKK ekushiseni izimoto eSwazini, lapho okwasala khona iwashi elaba ubufakazi obunzulu bokuthi nguyena owashisa izimoto.
– Isinqumo sokuthi uZama athandane noThemba, esagcina ngokumbangela isikhwele wacela uLumumba ukuthi abulale uThemba. (4)

Isiphetho

- **Okufundile ngabo.**

– Isifundo engisitholile ukuthi asikho isidingo sokujaha ukuqoma nokuthandana uma usafunda isikole. Kubalulekile ukugxila ezifundweni zakho kanye nekusasa lakho kuqala. UZama wacishe wonakalelwa ikusasa ngenxa yokuthandana esafunda isikole. Waphinde wakhulelwa, okwamxabanisa nonina wamxosha. Lesi senzo sakhe saphinde sakhombisa nokungazicabangeli.
– Okunye ukuthi ukuhlohlana/ukungakhuzani njengoMzwakhe ephoqelela uZama ukuthi aqome uThemba kungadala izinkinga othandweni lwenu. Yingakho noMzwakhe wayesenesikhwele, wakhela uThemba uzungu lokuthi akabulawe. Intombazane ethandana nabafana ababili ayinikezi isithombe esihle emphakathini.
– Konke lokhu kukhombise ubudlelwano obungenaqiniso futhi obungathembekile. Ngenkathi uMzwakhe eyosebenza eKapa waphinde wabonakalisa ukungathembeki wathandana/walala noNomonde (pg 91/110).
– Omunye angabhala ngokuthi ukuthandana niseyizingane kunganixabanisa nabazali benu. UZama waxabana nomama wakhe ngenkathi esekhulelwe. Umama wakhe wamxosha ngenxa yaleso sizathu. (3)

Isakhiwo: isihloko (½), izigaba (½) (1)
Ulimi nohlelo: izivumelwano (½), isipelingi (½), ulimi olunothile (1) (2)
Inani lamagama nokulibhala (1) (1)
[25]

Amamaki angama-70

IEB Copyright © 2022

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

UMBUZO 5

5.1 Incwadi yokuncoma/yokubonga

Ekubhalweni kwencwadi yakomkhulu umfundi akaqaphele lokhu okuyizimpawu zokubhalwa kwencwadi yakomkhulu:

Isakhiwo (7)

- Ikheli lobhalile (½)
- Liqondile (½)
- Usuku – inyanga ngesiZulu (½)
- Isikhundla salowo obhalelwayo (½)
- Ikheli lobhalelwayo (½)
- Isihloko (½)
- Isibingelelo (½)
- Isingeniso (½)
- Umzimba (½)
- Isiphetho (½)
- Yimina ozithobayo/okhathazekile (½)
- Ukusayina (½)
- U … (½) egameni
- Igama lobhalile (½)

Ingqikithi (10)

Uma umfundi ekubhale konke okubalulekile walandela yonke imigomo yokubhala kwencwadi yakomkhulu, uyowola wonke amamaki. Umfundi angangenisa ngokuchaza nokuveza umbono wakhe ngokushintsha kwempilo ngenxa kakhuvethe.

- **Okwenziwa isikole ukuvikela izingane nokunciphisa i-COVID-19.**
  - Ngenxa yokhuvethe indlela okwakwenziwa ngayo yashintsha esikoleni. Ukuhlangana kwabafundi bezosonta, ukuya ehholo ukulalela imilayezo kwashintsha, ukudla ezindaweni ezivalekile kwashintsha kwadlelwa ezindaweni ezivulekile, njll.
  - Emakilasini amawindi neminyango yavulwa gengelezi, kwathi amadeski asulwa njalo ngesifutho esibulala igciwane. Othisha bafundisa begqoke izifonyo, njll. (2)

- **Izinto ezashintsha esikoleni sakho ngenxa yeCOVID-19.**
  - Ngenxa yokhuvethe impilo esikoleni yashintsha kakhulu. Kunemigomo okwakumele abafundi bayilandele njengokufaka izifonyo, ukuqhelelana kugcinwe ibanga elithize uma abafundi bendawonye, kuphinde kugezwe izandla njalo emva kwemizuzu thizeni. (2)

IEB Copyright © 2022

- **Ukuvalwa kwezemidlalo, umculo neminye imicimbi.**
  - Ukungavunyelwa ukudlala ezemidlalo abayithandayo futhi basekele amaqembu abawathandayo. Omunye umfundi angabala nokuthi lokhu kuphazamise amathuba akhe okudlalela amaqembu akhokhelayo uma eqeda isikole.
  - Angaphinde aveze nokuthi ngenxa yokhuvethe uhambo lwabo lokuyocula phesheya lwanqanyulwa, kusatshelwa izimpilo zabo. Asho nokusho ukuthi njengomatikuletsheni leli bekuyithuba lakhe lokugcina.
  - Omunye angabhala nangokuqedwa kwe*Matric Dance* ngenxa yokhuvethe, njll.
  - Nakuba kwakungemnandi ukuthathwa kwalezi zinqumo kodwa uyabonga/uyancoma ngoba kwasiza ekutheni isikole singavalwa, kwasiza ukuthi iningi lezingane lingaguli futhi likwazi ukubhala izivivinyo zokugcina zikamatikuletsheni. (2)

- **Indima edlalwe ezobucwepheshe ngesikhathi seCOVID-19.**
  - Omunye umfundi angasho ukuthi ngesikhathi sikathaqa bebefunda besemakhaya besebenzisa amakhompyutha, omakhalekhukwini kanye nezinye izinhlobo zokuxhumana (*online*). Angaveza nanokuthi le ndlela yokufunda yasiza kakhulu ngoba abafundi bakwazi ukuqeda umatikuletsheni nokubhala ekupheleni konyaka ngaphandle kokuphazamiseka.
  - Umfundi angaveza nezinselelo zokufunda usekhaya njengokuhamba kukagesi, ukulahleka kwezokuxhumana, ukuphelelwa yi-*data*, njll. (2)

- **Ikusasa lakho ngenxa yosizo lwesikole.**
  - Lapha angabonga isikole ngokuthi sikwazile ukwenza imizamo yokuthi umatikuletsheni aqhubeke afunde, ukuze ungaphindi unyaka, nakuba bekungelula.
  - Angaphinde aveze ukuthi yonke le mizamo ibe nomphumela omuhle ngoba ugcine esekwazile ukubhala wathola amamaki amahle kakhulu, wathola nomfundaze wokuyofundela ubudokotela kwenye yamanyuvesi aphesheya aphuma phambili.
  - Konke lokhu kungenxa yemisebenzi nemizamo yesikole ngakho-ke ubonga kubo bonke othisha kanye nakuthishomkhulu ngomsebenzi omuhle abawenzile. (2)

Ulimi nohlelo: izimpawu zokubhala (½), izivumelwano (½), isipelingi (½), ulimi olunothile (½) (2)
Amagama anele (½), ukubhala inani lamagama (½) (1)
[20]

NOMA

IEB Copyright © 2022

5.2 Amaminithi omhlangano

Isakhiwo (7)

- Isihloko umhlangano wobani (½)
- Isikhathi (½)
- Usuku (½)
- Indawo (½)
- Ukuvula (½)
- Abakhona (½)
- Abaxolisile (½)
- Abangekho (½)
- Ukufundwa kwamaminithi omhlangano odlule (½)
- Okuvuka emaminithini (½)
- Ukwamukelwa kwamaminithi (½)
- Ezintsha (½)
- Okuxubile (½)
- Ukuvala (½)

Ingqikithi

- **Izindlela zokuthola/zokuqoqa imali**

  Isibonelo: uMnu/uNkkz T. Ntombela wacela amalunga ukuthi ahlanganise icebo lokuqoqa imali ukuze bazosiza izingane eziyizintandane/eziswele. (½)

  – **Iziphakamiso:** ukuthi babhalele izinkampani ezinkulu bacele uxhaso. UNksz G Sithole waphakamisa ukuthi amanye amalunga awavakashele osomabhizinisi, amabandla asendaweni ngenhloso yokuthola uxhaso. (1)
  – **Isinqumo:** Amalunga avumelana ngokuthi akuzanywe zonke lezi zindlela zokuqoqa imali ukuze isifiso sabo sokusiza lezi zingane siphumelele. (½) (2)

- **Okuzokwenziwa ngemali eqoqiwe (ukulungiswa kwekhaya lezintandane, ukuthengwa kwezipho, ukuqashwa kwezinto zokujabulisa izingane, njll)**

  Isibonelo: uMnu/uNkkz M. Khumalo wacela amalunga ukuthi kuhlukaniselwane ngemisebenzi ukuze kuzoba lula ukufeza leli phupho. Okubalulekile ukulungiswa kwekhaya lezingane, ukuthenga kwezipho, ukuqashwa kwezinto zokujabulisa izingane, njll. (1)

  – **Iziphakamiso:** ukuthi amanye amalunga azothenga izinto zokulungisa ikhaya lezintandane uma sekutholakale imali. Abanye bazibophezela ngokupenda, ukwenza ingadi, ukuthenga izimpahla ezintsha sasendlini.

  noma

  – Amanye amalunga akhetha ukuyothenga izipho ezizohambisana neminyaka yezingane ezihlala kuleli khaya njengomakhalekhukwini, ama*laptops* azosiza nasezikoleni, amathoyizi anhlobo nhlobo, njll.

  noma

  – Amanye amalunga akhetha ukuyothenga izinto ezizosetshenziswa ngalolo suku njengama*jumping castles* ukwenza usuku lwezingane ezincane lubemnandi ngendlela emangalisayo njll. (2)

– **Isinqumo:** Amalunga avumelana ngokuthi kuzokwenziwa konke kodwa kuzoncika emalini ezotholakala nanokuthi kwakhiwe uhlelo lokubaluleke kakhulu. Bavumelana ngokuthi okokuqala okubalulekile kakhulu ukupendwa kwekhaya. (1) (4)

- **Okuzokwenzeka ngosuku lukaKhisimuzi (uhlelo losuku, ukuya esontweni, ukuvulwa kwezipho, ukupheka, njll.)**

  - **Usuku lukaKhisimuzi**

    Isibonelo: uMnu/uNkkz E. Gumede wacela ukuthi uma sekwakhiwe uhlelo kwavunyelwana, ucela amalunga ukuthi afike ekuseni ngosuku lukaKhisimuzi. (1)

    – **Iziphakamiso:** kwaphakanyiswa ukuthi akuhlanganwe ngaphambi kosuku lukaKhisimuzi ukuze kuzogoqwa, kuhlanganiswe izipho.

    noma

    – Omunye waphakamisa nokuthi kuthengwe futhi kutholakale umuntu ozobheka abantu abaphekayo ukuze kuzodliwa ngesikhathi, njll.

    noma

    – Umnu T. Zimu waveza umbono wokuthi ufisa kuqalwe ngokuyiwa esontweni ukuze izingane zifunde ukubaluleka lwalolu suku ngempela. Waphinde waveza ukuthi kufanele umhlangano uzibophezele ekunakekeleni lezi zingane ngoba zinezidingo eziningi nezihlukile. Ezinye zikhubazekile, ezinye zilimele ngokomphefumulo nengqondo, njll. (2)

    – **Isinqumo:** Amalunga avumelana nanokuthi azobe ekhona ngalolu suku futhi azosizana ukuphathisana izipho kanye neminye imisebenzi yosuku. Kwaphinde kwakhethwa uNkkz E. Gumede ukuthi enze ucwaningo ngenani lezingane ezikhubazekile, ezingase zidinge usizo oluhlukile ngalolo suku. (1) (4)

Ulimi nohlelo: izimpawu zokubhala (½), izivumelwano (½), isipelingi (½), ulimi olunothile (½) (2)
Amagama anele (½), ukubhala inani lamagama (½) (1)
[20]

UMBUZO 6

6.1 UKUBHALWA KWE-*FACEBOOK*

Uma umfundi ekubhale konke lokhu okubalulekile uyowola wonke amamaki. Lapha kuzoya ngempendulo yomfundi kodwa okumele kucace yilokhu:

Ingqikithi

Kulaba bafundi abayisithupha, abanye bazoveza imibono yokuvumelana nesitatimende, baze banikeze nezibonelo zabantu abangafundanga kodwa abaphumelele njengabantu abanamakhono; abadlali bezemidlalo ehlukene, osomabhizinisi njengosomatekisi, osopolitiki, njll.

Abanye balaba bafundi bazoveza imibono yokuphikisana nalesi sitatimende besho nokusho ukuthi bayincosana abaphumelela bengafundile. Bangaveza ukuthi imfundo ingukhiye ngoba inamathuba emisebenzi. Okunye ukuthi uma ufundile izinqumo ozithathayo ziphusile futhi zingathuthukisa ibhizinisi, njll.

Abanye bangaveza ubuhle nobubi bokungafundi kanye nobuhle nobubi bokufunda. Njengokuthi uma ungafundile awusoli muntu uma ungaphumeleli. Uma ufundile usola uhulumeni kanye nabanye, njll. (5)

Isakhiwo: Iya kubani (½), ivela kubani (½), usuku (½), isihloko (½) (2)
Ulimi nohlelo: izimpawu zokubhala (½), izivumelwano (½), isipelingi (½), ulimi olunothile (½) (2)
Amagama anele (½) ukubhala inani lamagama (½) (1)
[10]

NOMA

6.2 **Ukubhalwa kwekhadi lesimemo**

Lapha kuzoya ngempendulo yomfundi kodwa okumele kucace yilokhu:

Ingqikithi

- Incazelo ngohlelo lwangalolu suku (3)
  Kuzokwenzekani, kanjani, okudingekayo/nokungadingeki …
- Okuzogqokwa (1)
- Ukuphendula xhumana no … (1)

Uma umfundi ekubhale konke lokhu okubalulekile uyowola wonke amamaki.

Isakhiwo: siya kubani (½), sivela kubani (½), usuku (½), isihloko (½), indawo (½), nesikhathi (½) (3)
Ulimi nohlelo: izivumelwano (½), isipelingi (½) (1)
Amagama anele (½), ukubhala inani lamagama (½) (1)
[10]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2022